Meltwater
Outside Insight

**Publication:** Ladysmith Herald
**Title:** Uzimisele ngokulekelela amabhizinisi asafufusa
**Publish date:** 20 August 2019

**Reach:** 32000
**AVE:** R 12770.56
**Author:** Unspecified



Kusukela ngakwesokunxele uNjabulo Sithole, uNgqongqoshe uNkk Nomusa Dube-Ncube kanye nooNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu uNkk Peggy Nkonyeni bethokozela amakhekhe ehla esiphundu

# Uzimisele ngokulekelela amabhizinisi asafufusa

**UNGQONGQOSHE wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nezeMvelo uNkk Nomusa Dube-Ncube uthi uzimisele ukulekelela amabhizinisi amancane kanye nemifelandawonye.**

Uthe imifelandawonye kanye namabhizinisi amancane adinga uxhaso lwemali ukuze akwazi ukudala amathuba emsebenzi, athuthukise umnotho ezindaweni ezisemakhaya okanye ezinganakiwe aphinde asize ukusabalalisa izinsiza. UNgqongqoshe uDube-Ncube ukusho lokhu njengoba ebevakashele umfelandawonye eMzinyathi, eNanda eThekwini. UNgqongqoshe ubevakashele kuwadi 3, lapho lomfelandawonye uzinze khona waphinde wahlangana nomphakathi lapho ebekhuluma khona ngohlahlo mali lomnyango kanjalo nabesifazane abakuyona imifelandawonye.

Kuzokhumbuleka ukuthi umnyango sewake wawusiza lomfelandawonye i-Bakers Creationz Bakery ezinze eNanda eMaphephetheni futhi okuyimanje yenza kahle kakhulu. "Lelibhizinisi selihlinzeka izitolo ezinkulu ngemikhiqizo yalo futhi manje lidinga imishini eminingi, indawo ethe xaxa kanye nokunye. Kuyiqiniso ukuthi sibhekene nesikhathi esinzima sokuntuleka kwamathuba emsebenzi. Kodwa kuyasikhuthaza ukuthi sazi ukuthi amabhizinisi amancane kanye nemifelandawonye kudlala indima ebalulekile ukushintsha isimo. Sisuke sikhuluma ngento efana nalena uma sithi sifuna ukuxhasa amabhizinisi amancane enza kahle sikwazi ukuwanyusela kwelinye izinga," kusho uNgqongqoshe uDube-Ncube.

"Siyaziqhenya kakhulu nge-Bakers Creationz kanye nakho konke asebekuhlomulile. Imifelandawonye efana nalena idinga ukuxhaswa okuthe xaxa okuqhamuka kuhulumeni ukuze bezokwazi ukuqhubeka basebenze. Bakwazile ukudala amathuba omsebenzi baphinde bakhulisa umnotho," kuqhuba uNgqongqoshe uDube-Ncube.Esekhuluma namalunga omphakathi uNgqongqoshe uwakhuthazile ukuthi afake izicelo zemifelandawonye, waphinde wakhuthaza abesifazane ukuthi nabo beqale eyabo balwele ukuba imigogodla yokukhulisa umnotho. UNjabulo Sithole we-Bakers Creationz ubonge kakhulu umnyango ngokubeseka kumsebenzi abawenzayo wathi nakuba besendaweni yasemakhaya kodwa umkhiqizo wabo abawenzayo uyakwazi ukuheha izitolo ezinkulu.

"Njengoba ngikhuluma namhlanje siphakela uPick n Pay kanye nezinye izitolo ezinkulu. Siyabonga kakhulu kumnyango ngokuseseka kanjalo nokuseka umsebenzi wethu njengoba sizimisele ngokukhula kuwona," kusho uNjabulo. UNgqongqoshe ube esekhuthaza imifelandawonye ukuthi ifake izicelo uma i-Operation Vula Fund ivula iwindi lokuthi kufakwe izicelo, wathi futhi ukuvulwa kwalo iwindi umnyango uzomemezela kuyona lenyanga ukuthi lizovulwa nini.


www.meltwater.com/za | Cape Town: +27 21 838 5100 | Johannesburg: +27 11 028 2172 | Copyright © Meltwater News (Pty) Ltd.